



# education

Department:  
Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**FEBRUARY/MARCH 2009**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
3. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.
5. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
6. Abahlolwayo mabaqaphelise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:  
ISIQEPHU A: Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.  
ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa imiyalezo ube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enemiyalezo, mayibe ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**


Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Qaphela: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

- 1.1 Siyilokho esiyikho ngenxa yokudla esikudlayo. Kumele uqaphele ukuthi udlani ukuze umzimba wakho uhlale unempilo. Nokho imibono iyashayisana ngalokhu. Bhala indaba uveze imibono enhlangothi ZIMBILI. [50]

**NOMA**

- 1.2 Ukungaqapheli izimpawu zomgwaqo kungakuholela ezinkingeni ezifana nalezi ezilandelayo:



Isithombe esingenhla sikuveza ngokucacile ukuthi ukungahloniphi imithetho yemigwaqo kugcina kukufake ezinkingeni okunzima ukuthi uphume kuzo. Bhala indaba eveza amaqiniso ngokumele kwenziwe ukugwema lezi zimo. [50]

**NOMA**

- 1.3 Abazukulu abaningi sebekhuliswa ogogo ngalesi sikhathi samanje, lokhu kwenziwa izigameko ezinhlobonhlobo ezehlela abazali babo.

Bhala **uchaze** ngalesi sihloko: **Ukubaluleka Kukagogo Empilweni Yabazukulu.**

[50]

### NOMA

- 1.4 Sekusuke omkhulu umsindo mayelana nendlela abantu besifazane abagqoka ngayo, ikakhulukazi abantu abasha. Ngabe uyahambisana nalo msindo noma uthi cha abesifazane mabayekwe bazigqokele ngendlela abayithandayo.

Bhala indaba uphumele obala ngalesi sitatimende. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

### NOMA

- 1.5 **Imbila Yaswela Umsila Ngokuyalezela.** Abantu abaningi abazitholi izinto abazidingayo ngenxa yokuthi bayathumela babilapha ukuzenzela.

Bhala indaba elandisayo eyehlela umuntu omaziyo owagcina ehlapheka ngenxa yokuthanda ukwenzelwa. Sebenzisa isihloko esingenhla.

[50]

- 1.6 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese ubhala indaba ngaso: Ungakhohlwa ukuyinika isihloko indaba yakho.



[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Bukisisa isikhangisi somsebenzi esilandelayo bese ubhala **incwadi** yokucela umsebenzi.

<b>BHUKULA MUNT'OMNYAMA</b> <b>(PG Mavundla no Ngubane Sugar Milling)</b>	
Imboni egaya umoba bese yenza ushukela ifuna abantu abathathu abaphakathi kweminyaka eyi-25-35 abazosebenza emkhakheni wokwamukela amaloli azodiliza umoba embonini ekhiqiza ushukela:	
<b>Thumela isicelo sakho kuleli kheli elingezansi:</b>	
<i>Amanda Ngubani</i> <i>25 Maydon Road</i> <i>New Hanover</i> <i>3121</i>	<i>Uma udinga eminye imininingwane ungathinta uScebi Ngubane kule nombolo: 082 721 1932</i>

**[30]****NOMA**

- 2.2 Izakhamuzi zendawo yakini sezitshengise ukungaphatheki kahle ngenxa yokucinywa kukagesi ngaso sonke isikhathi zibe zingaziswanga. Zihlangene izakhamuzi zabona kungcono ukuba zithumele incwadi yezikhalo kwabakwa-Eskom. Bhala **indabambiko** ezokwethula lezi zikhalo.

**[30]****NOMA**

- 2.3 Ungumaluleki wezempilo engosini yephephabhuku iVuk'uZakhe. Bakubiza ngoSista Hlengiwe. Bhala isiqeshana sephephandaba ululeke abantu abasha ngokugcinwa kwesikhumba sabo sihlale sisihle. Nasi isihloko: **Ubuhle Besikhumba Somuntu Omusha.**

**[30]****AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 3.1 Ungumdayisi wemfuyo endaweni yakini. Bhala **isikhangisi** esizoheha abantu bendawo ukuba bazothenga kuwe. [20]

**NOMA**

- 3.2 Ungumuntu omusha ohlala ematasatasa ngenxa yomsebenzi owenzayo. Ukuze usuku lwakho luhambe kahle kumele wenze idayari. Bhala **idayari** yosuku kusukela ekuseni ngehora lesi-8 kuze kushaye ihora lesi-4 ntambama. [20]

**NOMA**

- 3.3 Sekusondele isikhathi sikaKhisimusi, udadewenu osebenza phesheya useshilo ukuthi akezukuba khona ngala maholide. Mbhalele **iphosikhadi** umfisele amaholide amnandi nokunye okuhle ongakusho. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ASEWONKE: 100**